IBhayibheli Lezingane

izipho

UNowa noZamcolo Omkhulu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kufanekiselwa ngu: Byron Unger; Lazarus Alastair Paterson

Kushintshwe ngu: M. Maillot; Tammy S.

Kuhunyushwe ngu:www.christian-translation.com

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2021 Bible for Children, Inc.
Ilayisensi: Unelungelo lokukopisha noma ukuphrinta le ndaba, inqobo nje uma ungayidayisi.

UNowa wayeyindoda ekhonza uNkulunkulu. Bonke abanye babemzonda futhi bengamlaleli uNkulunkulu. Ngolunye usuku, uNkulunkulu washo into eshaqisayo.

Watshela uNowa: "leli zwe elibi." "Umndeni wakho kuphela ozosindiswa."

UNkulunkulu waxwayisa uNowa ngokuthi kwakuyofika uzamcolo omkhulu ugcwalise umhlaba. “Yakha umkhumbi wokhuni, isikebhe esinganele umkhaya wakho nezilwane eziningi,” kuyalwa uNowa.

UNkulunkulu wanika uNowa iziyalezo eziqondile. UNowa waba matasa!

Cishe abantu bahlekisa njengoba uNowa echaza ukuthi kungani enza umkhumbi.

UNowa waqhubeka nokwakha. Wayelokhu etshela abantu ngoNkulunkulu. Akekho owalalela.



UNowa wayenokholo olukhulu. Wakholwa kuNkulunkulu nakuba imvula yayingakaze ine ngaphambili. Ngokushesha umkhumbi wawusulungele ukulayishwa.

Manje kwafika izilwane. UNkulunkulu waletha eziyisikhombisa kwezinye izinhlobo, ezimbili kwezinye. Izinyoni ezinkulu nezincane, izilwane ezincane nezinde zafika emkhunjini.

Mhlawumbe abantu bamthuka uNowa ngesikhathi elayisha izilwane. Abazange bayeke ukona kuNkulunkulu. Abazange bacele ukungena emkhunjini.



Ekugcineni,
zonke izilwane
nezinyoni
zangena
emkhunjini.
"Ngena emkhunjini,"
uNkulunkulu wamema
uNowa. "Wena nomndeni
wakho." UNowa, umkakhe,
amadodana bawo bangena emkhunjini.
UNkulunkulu wabe esevala umnyango!



Kwabe sekufika imvula. Imvula enkulu yacwilisa umhlaba izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.



Izikhukhula
zatheleka
emadolobheni nasezigodini.
Lapho imvula inqamuka, ngisho
nezintaba zase zingaphansi kwamanzi.
Yonke into ephefumula umoya yafa.



Njengoba amanzi ekhuphuka, umkhumbi wantanta phezulu. Kungenzeka ukuthi ngaphakathi, mhlawumbe kunamaqhubu, futhi kusabisa. Kodwa wamvikela uNowa kuzamcolo.

Ngemva kwezinyanga ezinhlanu zikazamcolo, uNkulunkulu wathumela umoya owomisayo. Kancane kancane, umkhumbi wama phezulu zase-Ararati. UNowa wahlala phakathi kwezinsuku amane amanzi esebohla.



UNowa wathuma igwababa nejuba ngefasitela lomkhumbi elivuliwe. Njengoba lingayitholanga indawo ehlanzekile yokuphumula, ijuba labuyela kuNowa.

Ngemva kwesonto,
uNowa waphinde
wazama. Ijuba labuya
neqabunga lomnqumo
elisha emlonyeni walo.
Ngesonto elilandelayo
uNowa wayazi ukuthi
umhlaba womile
ngoba ijuba
alizange libuye.

UNkulunkulu watshela uNowa ukuthi kwase kuyisikhathi emkhunjini. Nomndeni wakhe bakhulula izilwane ndawonye.

Yeka indlela okumelwe ukuba uNowa wabonga ngayo! Wakha i-altare futhi wakhonza uNkulunkulu owamsindisa yena nomndeni wakhe kuzamcolo omubi.



UNkulunkulu wanika uNowa esimangalisayo. Aphinde athumele uzamcolo ukuze ahlulele isono somuntu.



UNkulunkulu saKhe. Uthingo lwaluwuphawu lwesithembiso sikaNkulunkulu.

UNowa nomndeni
wakhe bathola
iziqalo ezintsha ngemva
kukazamcolo. Ngokuhamba
kwesikhathi, inzalo yakhe
yaphinde yaba abantu
emhlabeni wonke.



Zonke izizwe
zomhlaba zavela
kuNowa nabantwana bakhe.

UNowa noZamcolo Omkhulu

Indaba evela eZwini likaNkulunkulu, iBhayibheli,

itholakala ku

Genesise 6-10

"Ukungena Kwamazwi Akho kunikeza ukukhanya."
IHubo 119:130

Isiphetho

Le ndaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu omangalisayo owasidala futhi ofuna ukuba umazi.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, azibiza ngesono. Isijeziso sesono ngukufa, kodwa uNkulunkulu uyakuthanda kakhulu waze wathumela iNdodana yakhe ezelwe yodwa, uJesu, ukuba izofela esiphambanweni futhi ijeziswe ngezono zakho. Ngemva kwalokho uJesu wavuka wabuyela ekhaya eZulwini! Uma ukholelwa kuJesu futhi umcela ukuba akuthethelele izono zakho, Uyokwenza! Uzoza aphile kuwe manje, futhi uyohlala Naye kuze kube phakade.

Uma ukholwa ukuthi leli yiqiniso, yisho lokhu kuNkulunkulu: Jesu othandekayo, ngiyakholwa ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi waba umuntu ukuba afele izono zami, futhi manje Uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngibe nempilo entsha manje, futhi ngolunye usuku ngihambe ngiyoba naWe kuze kube phakade. Ngisize ngikulalele futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Amen.

Funda iBhayibheli futhi ukhulume noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16